BATSHELE UKUTHI NGIYABATHANDA

Ukwamukela isambulo sokuthandwa uNkulunkulu

JOYCE MEYER

#1 *NEW YORK TIMES* BESTSELLING AUTHOR

Joyce Meyer

Batshele Ukuthi Ngiyabathanda

Ukwamukela isambulo sokuthandwa uNkulunkulu

Unless otherwise indicated, all Scripture quotations are taken from THE AMPLIFIED BIBLE: Old Testament. Copyright © 1962, 1964 by Zondervan Publishing House (used by permission); THE KING JAMES VERSION; and from THE AMPLIFIED NEW TESTAMENT Copyright © 1958 by the Lockman Foundation (used by permission).
Copyright © 2017 by Joyce Meyer Ministries – South Africa
All rights reserved. No part of this publication may be reproduced, distributed, or transmitted in any form or by any means, or stored in a database or retrieval system, without the prior written permission of Joyce Meyer Ministries – South Africa.

Joyce Meyer Ministries – South Africa
PO Box 5, Cape Town, 8000

Phone: +27 (0) 21 701 1056
Website: www.joycemeyer.org
Go to tv.joycemeyer.org to watch Joyce's messages in a variety of languages.

Tell Them I Love Them Zulu
Not for Resale

Okuqukethwe

Isingeniso		5
1.	UNkulunkulu uyakuthanda	7
2.	Ngabe mina ngingolungileyo na?	13
3.	Uthando ungubudlelwane	19
4.	Uthando, ithemba nokholo	25
5.	Ukukhululwa ekwesabeni	31
6.	Uthando lufinyelela kwabanye	35
7.	Uthando lukaNkulunkulu luzokushintsha	41

Isingeniso

Ngiyakholwa ukuthi abantu abakudingayo kakhulu kunakho konke isambulo sothando lukaNkulunkulu bona ngokwabo. Ngiyakholwa ukuthi lokhu kuyisisekelo empilweni yokunqoba njengomKristu. Asidingi ukwazi ngekhanda ngothando lukaNkulunkulu, siyadinga isambulo. Lokhu kuvela kuphela kuMoya oNgcwele. Kunikwa yilelo nalelokholwa elizindla ngothando lukaNkulunkulu, elibheka uthando lukaNkulunkulu empilweni yalo, elifuna isambulo ngeZwi likaNkulunkulu elibhaliwe nangomkhuleko.

Kulula ukwamukela ukuthi uNkulunkulu uthanda umhlaba wonke kangaka, waze wathumela uJesu ukuthi azofela umhlaba. Kodwa kulukhuni ukukholwa lokho uma wawungumuntu oyedwa osemhlabeni, ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda *wena* waze wathumela uJesu ukuthi afele wena futhi wena wedwa.

Emva kweminyaka eminingi yokuba ngumKristu abindekile, ngaqala ukuqonda uthando lukaNkulunkulu. UNkulunkulu ngomusa wakhe wabonakalisa kimi, ngoMoya oNgcwele, uthando lwakhe kimi uqobo. Leso sambulo sashintsha impilo yami yonke kanye nokuhamba kwami naye.

Ngiyakholwa ukuthi okufunda kulencwadi kuzoletha ukubona kanye nokuqonda ngendlela entsha ngothando lukaNkulunkulu. Ngiyakholwa kuzoletha indlela entsha kuwe ukuthola lesi sambulo wena uqobo. Ngiyakuyala ukuba ufunde lencwadi ungasheshi, ukuze uyisebenzise njengesifundo bese uzindla ngemiBhalo nemicabango oyitholayo kumakhasi alandelayo.

Lencwadi uyinikwa yona ngokuzithoba, ngiyazi ukuthi ngiyize ngaphandle kwakhe kanye nesambulo nokuqonda enginakho ngeZwi lakhe, kungumusa wakhe.

1

UNkulunkulu uyakuthanda!

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. “

NgokukaJohane 3:16

UNkulunkulu ufuna umndeni, kungakho uNkulunkulu wasenza abantwana bakhe. Akafuni ukuba senze njengezingane, kodwa ufuna ukuba senze njengabantwana bakhe. Ufuna sithembele kuye, sinqike kuye, sihlale kuye, simthande futhi *simvumele ukuba asithande*. Ufuna thina simethembe futhi siye kuye uma sinezidingo. Ufuna ukuba nobudlelwano *nawe* uqobo.

Abaningi bethu sithatha NgokukaJohane 3:16 abe kude nathi. “Yebo, ngiyazi ukuthi uJesu wafela umhlaba,” kodwa thina asisilo iqembu labantu elafelwa uJesu. Wafela yilowo nalowo kithi. *Wafela wena!*

Uma ngabe kwakunguwe kuphela kulomhlaba, wayezofela *wena* wedwa. Wayezohluphekela *wena* kuphela. Wafela *wena*! UNkulunkulu uyakuthanda kakhulu. Ukuthanda ngothando lwaphakade.

Ngolunye usuku ngihamba ngemoto, uNkulunkulu wakhuluma enhliziyweni yami wathi, “Joyce, unjengenhlamvu yeso lami.” Ngangingakwazi ukuthi lendima iseBhayibhelini. USathane wafika ngomcabango emva kwalokho wathi, “Ngabe lokho akusikho ukuzikhukhumeza? Ucabanga ukuthi wena ungubani?”

Ngase ngacabanga, “Akufanele ngicabange kanjalo.” Kumelana nombono wethu ukucabanga ukuthi singabakhethiweyo, ukuthi sineziphiwo, ukuthi sinomehluko. Yilowo nalowo wethu akafani nomunye, udalwe uBaba wethu ukuba ngohlukile kumuntu oseceleni kwakhe.

Ngisacabanga ngalokho, uNkulunkulu wangikhombisa isithombe engqondweni somfazi ome esitolo eceleni kwamahhabhula amaningi. Wabheka wase ethola elilodwa elihle kakhulu. Wazithathela elilihle kakhulu. UNkulunkulu wayefuna ukuthi kimi ngiyihhabhula elihle kakhulu kuye. Ngingokhethiweyo. Lokhu ngathi akulungile, kodwa uNkulunkulu usho lokhu kulowo nalowo kithi. Akasho ukuthi ungcono nokuthi abanye abalutho. Uthi sonke singabakhethiweyo. KuyiZwi, futhi iZwi lethu sonke. *Unjengenhlamvu yeso likaNkulunkulu*.

Angimukelanga okwakhulunywa uNkulunkulu kimi ngoba ngazisola ngicabanga ngezinto ezinhle ngami. Emva kwezinsuku ezimbili ngavula iBhayibheli lami kumaHubo 17:8, lapho kwavuleka amehlo ami. “Ngigcine njengenhlamvu yeso, ungisithe ethunzini lamaphiko akho.” Ngathi, kwakunguNkulunkulu ngempela. Ngiyisithandwa sikaNkulunkulu.” Ngazizwa ngingokhethiweyo ngaso sonke isikhathi, ngacabanga ngalokho.

Abantu banentshisekelo, kanye nokulangazelela, kanye nesifiso ezinhliziyweni zabo ukuthandwa. UNkulunkulu wasidala ngaleyondlela. Abantu abaningi bakholwa ukuthi uNkulunkulu wathanda umhlaba nokuthi uthanda uJesu, kodwa kulukhuni kubo ukukholwa ukuthi uNkulunkulu uyabathanda. Yebo, iZwi lisifundisa ukuthi uNkulunkulu uyabathanda njengalokho ethanda uJesu. Uyakuthanda wena uqobo njengalokho ethanda uJesu. Ake sibheke NgokukaJohane 5:20:

“Ngokuba uYise uyayithanda iNdodana, uyikhombisa konke akwenzayo yena; woyikhombisa imisebenzi emikhulu kunalena ukuba nimangale.”

UNkulunkulu uthi, “Ngiyakwenza yonke lemisebenzi emikhulu ngoJesu, futhi ngizokwenza emikhulu kunalena ngaye ukuba nimangale.” Ngabe uyazi ukuthi kuhle ukumangazwa okuthile, ukumangazwa okwenziwa uNkulunkulu na?

Siyayifunda lemiBhalo kodwa silahlekelwa yilokho uNkulunkulu afuna ukukwenza kithi. Ufuna sibheke imisebenzi emangalisayo ayenze ngoJesu bese simangala sithi, “Nkulunkulu, kuyamangalisa okwenzileyo ngoJesu.” Bese efuna uvule iBhayibheli lakho NgokukaJohane 14:12 lapho uJesu ethi khona “Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza, nemikhulu kunalé uyakuyenza; ngokuba mina ngiya kuBaba.”

UNkulunkulu uzokwenza okufanayo ngawe, nemisebenzi emangalisayo kuleyo ongayenza ngoba uJesu uye kuYise. Ngabe uyakholwa yilokho na? Ngabe uyakholwa ngokweqiniso ukuthi uNkulunkulu uyakhuthanda wena uqobo futhi ufuna ukukusebenzisa na?

INkosi yangifundisa ngolunye usuku ngifunda yathi, “Joyce, abantu ngibenzela okuningi nsukuzonke ngoba ngiyabathanda, kodwa abakuboni lokho. Ngizokunika isibonelo esisodwa. Nsukuzonke uma ngikhuluma nelanga ngithi ‘Phuma,’ ngikwenzela uJoyce, uJabulani, uSibusiso, (gcwalisa igama *lakho* lapha).”

Yima bese uzindla ngalokho. Ilanga liphumela wena esibhakabhakeni nsukuzonke. Yebo, ilanga! Sithatha ukuthi kunjengoba kunjalo. Siyazi ukuthi ilanga lizophuma izinsuku zonke, kodwa liphumela wena. Uma imvula inetha ngesikhathi sayo, inetha ngenxa yakho, uma iqhwa likhithika, likhithikela *wena* uqobo. UNkulunkulu ukuthanda ngaleyondlela emangalisayo.

uDuteronomi 7:9 uthi,

“Yazi-ke ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu, uNkulunkulu othembekileyo, ogcina isivumelwano nomusa nabamthandayo abagcina imiyalo yakhe kuze kube sezizukulwaneni eziyinkulungwane…”

Ucabanga ukuthi izizukulwane eziyinkulungwane zinganela ukuba uzwa uthando lukaNkulunkulu? Uyabona, unguNkulunkulu waphakade, futhi uNkulunkulu akasoze wadangala ngawe. Abaningi bethu bacabanga ukuthi uNkulunkulu udangele ngobuthakathaka nangobubi bethu, kodwa awusoze wakwenza lokho. Uthando alusoze lwadangala, futhi awusoze wamenza uNkulunkulu ukuba angakuthandi. Uthando alusiyo into eyenziwa uNkulunkulu. Uyilo.

Ngisho nesoni esingcolile futhi esibolile esihamba kulomhlaba futhi esingakhafulela emehlweni kaJesu bese sithi, “Angifuni lutho kuwe; ngiphelele futhi ngiyaneliseka ukuya esihogweni” – uNkulunkulu uyamthanda. Kungenzeka kanjani angathandi labo abakhethiweyo futhi babekwa eceleni ngenxa yenjongo kaNkulunkulu?

Kungenzeka uthi, “Ngamukele uJesu enhliziyweni yami, futhi ngiyamthanda.” Kodwa ngikubuza ukuthi ngabe, *ukholwa kangakanani ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda?*

Lona ngumyalezo olula kuwe: *UNkulunkulu uyakuthanda*. Kodwa lesi isisekelo uNkulunkulu afanele asakhe kuwe ukuze uqonde konke okunye.

Akusho lutho ukuthi ufundani nokuthi ufundelani, nokufuna izinto zikaNkulunkulu, uma ungamukeli ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda, awusoze waba nempumelelo yokuqhubekela phambili. Uthando lukaNkulunkulu kuwe luyisisekelo sokukholwa kwakho, sokukhululeka kwakho esonweni futhi negunya lakho lokusukuma emsebenzini kaNkulunkulu ungenakwesaba. *Ngabe*

uzolwamukela uthando lwakhe?

UNkulunkulu uyakuthanda *wena* uqobo!

2

Ngabe mina ngingolungileyo na?

“… ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esiwuphiweyo.

Ngokuba sisebuthakathaka, uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu ngesikhathi esifaneleyo;”

ngokuba cishe kungenzeki ukuba umuntu afele olungileyo, kodwa mhlawumbe kungase kube-khona ongaba nesibindi sokufela omuhle;

kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu kuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.

Ngakho kakhulu sesilungisisiwe ngegazi lakhe, siyakusindiswa ngaye olakeni.

Ngokuba uma sathola ukubuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNdodana yakhe siseyizitha, ikakhulu siyakusindiswa ngokuphila kwayo sesitholile ukubuyisana;”

KwabaseRoma 5:5-10

Abaningi bethu bayakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasithanda uma singoni. Abantu abaningi abazithandi, kungakho baphetha ngokuthi uNkulunkulu akasoze abathanda. IBhayibheli lithi, “Umuntu uyini ukuba umkhumbule?” (AmaHubo 8:4). Iqiniso ukuthi siyindalo kaNkulunkulu, futhi *uyasithanda ngoba esithanda.* UNkulunkulu uluthando. (1 KaJohane 4:16).

Uyakuthanda, futhi *ungokhethiweyo.* Lokhu kusho ukuthi awufani nomunye umuntu. Awudingi ukuba njengami, nami angidingi ukuba njengawe. Sizoba lusizi uma sizama ukuba njengomunye. Konke lokhu kunika uSathane ithuba lokukutshela ukuthi wena awulungile. NgoNkulunku awudingi ukuba "ngolunge ngokwanele."

Ngabe uJesu wakufela ngoba wena umkhulu futhi uyamangalisa, noma wakufela ngoba ekuthanda? IBhayibheli lithi uma ekuthandile ukuze akufele, kungakanani, ukulungisiswa yigazi lakhe, ngabe uyakuthanda manje? (KwabaseRoma 5:8,9). Ukuthanda kakhulu ngendlela yokuthi ulungisisa amaphutha akho ezinsuku zonke. Ukuthanda kakhulu ukukuhola kulolu suku ngamandla kanye nokunqoba.

Ngolunye ususku uNkulunkulu wangikhombisa isibonelo sokuthi uwabona kanjani amaphutha ethu kanye nobuthakathaka bethu. Cabanga ngomntwana omncane oneminyaka emithathu noma emine, ohlala njalo abheke unina lapho enza umsebenzi wasekhaya. Uthanda umama ngendlela yokuthi uthatha ibhakede elinamanzi kanye nendwangu bese eya efasiteleni ekameleni lokuphumula. Uwasha leli fasitela kahle aphinde alisule.

Yebo, linamafutha, linindiwe futhi linensipho. Uma ubheka akwenzile ubona ukuthi usebenzise indwangu yakho enhle yokuhlanza, futhi ufuna nokumsonta intamo. Kodwa lapho efika, ngezwi lakhe elincane nelimnandi ethi, "Mama, mama, ngiliwashile ifasitela lakho. Ngiyakuthanda mama."

Umama onothando angathi "Wo, wenze okuhle mtanami. Ngiyabonga ngokungisiza." Ngokushesha ingane isenza omunye umsebenzi uzowasha umonakalo owenziwe yingane futhi bese ukhuthaza ukuba ingaphindi yenze njalo futhi.

UNkulunkulu ungitshele asenzela khona. Uwasha umonakalo esiwenzile. Uma wenza okuhle okwazi ukukwenza, lokho yilokho uNkulunkulu akulindele kuwe. Akakulindeli ukuba wenze ongeke

waphumelela ukukwenza. Angakushintsha uma unesifiso sokuthi, “Uqinisile Nkulunkulu, mina ngenze okubi. Ngizamile, futhi angisoze ngashintsha.” Uzokushintsha njalo ngoba awusoze wazenza olungileyo ngaphandle kosizo lwakhe.

“Ngokuba lowo uNkulunkulu amthumileyo ukhuluma amazwi kaNkulunkulu; ngokuba akaniki uMoya ngokulinganisela.

UYise uyayithanda iNdodana, wanikela konke esandleni sayo.”

NgokukaJohane 3:34,35

Ngolunye usuku ngisafunda, ngizindla ngalendima futhi ngamemeza ngentokozo lapho kwakhanya kimi ukuthi uNkulunkulu akasiniki uMoya wakhe ngokusilinganisela. Akasiniki okuncane kwalokhu nokuncane kwalokhuya.

Esikhundleni salokho, uthi, *“Nakhu, thatha konke enginakho.”* Konke ngamandla kaNkulunkulu kanye nothando ungakuthola namuhla. Unakho konke okudingayo, futhi ufuna wena ukuba ukuthole. Kungani? Ngoba uyakuthanda. Awudingi ukuba ube ngolungileyo kakhulu ukuze ufaneleke, ngoba ngemizamo yakho ngeke ukufanele. Awudingi ukuba muhle kakhulu. UNkulunkulu ufuna ukukunika ngoba ekuthanda.

KuDuteronomi 7:6-7, uNkulunkulu uthi, “Ngokuba uyisizwe esingcwele kuJehova uNkulunkulu wakho: uJehova uNkulunkulu wakho ukukhethile ukuba ube yisizwe senzuzo yakhe phezu kwezizwe zonke ezisebusweni bomhlaba.

UJehova akanamathelanga kini, kanikhethanga ngokuba nanibaningi kunezinye izizwe, ngokuba naniyingcosana kunezizwe zonke.”

UNkulunkulu wakhetha abakwaIsrayeli ukuba abantu bakhe abakhethiweyo, futhi njengebandla, singama-Israyeli eqiniso

ngokomoya namuhla. Ngakho lo mBhalo wakho njengoba ungowabo. UNkulunkulu uthi, “Anginikhethanga ngoba niyisizwe esikhulu sabantu emhlabeni.” Uma siqondisa ngakithi, singathi, “Anginikhethanga ngoba nenze konke okuhle.”

Uqhubeka asho ukuthi babeyingcosana kunezizwe zonke. Njengephuzu elibalulekile, uma wawunjengami, ngaphambi kokuba usindiswe wawuzocabanga ukuthi umubi ukudlula abanye. Endimeni 8, uNkulunkulu uthi, “… kepha ngokuba uJehova enithanda nangokuba ebeyakugcina isifungo asifungela oyihlo uJehova unikhiphile ngesandla esinamandla, wanihlenga endlini yezigqila esandleni sikaFaro inkosi yaseGibithe.”

Nayi intokozo! UNkulunkulu uthi, *“Ngakupha uthando lwami, futhi ngakutshela ukuthi ungcwele. Ngakutshela ukuthi ngikukhethile.* Ngikukhethile, hhayi ukuthi umuhle, kodwa ukuthi ngiyakuthanda.” Ngabe uyazi ukuthi uNkulunkulu ufuna wenzeni namuhla? Ufuna wena ukuba wamukele uthando lwakhe.

Ngoba abaningi bethu, inkinga yethu ukuthi asizithandi thina. Asikholwa ukuthi uNkulunkulu uyasithanda, noma ukuthi abanye bayasithanda. Sicabanga ukuthi, *bangasithanda kanjani – nginobubi kangaka?* Uma ukholwa ukuthi ungumuntu omubi owenza okubi uzoziphatha kabi. Awusoze waphakama ukudlula umfanekiso wakho osenhliziyweni yakho.

Inkinga enkulu eyayivamile ukuthi ngangizithandanga mina uqobo, futhi ngachitha cishe u-75% wesikhathi sami ngizama ukuzishintsha mina. Ngangicabanga ukuthi ngikhuluma kakhulu, kungakho ngazama ukuthula. Kodwa uma sengithle, ngacindezeleka, futhi bonke abantu bafuna ukwazi ukuthi kungani ngangithulile. Ngase ngacabanga ukuthi, “Kodwa ungitshele ukuthi nginomlomo omkhulu. Ngiyeke. Ngizama ukuthula.”

Angisoze ngakutshela ukuthi ngihambe iminyaka emingaki ngalokho. Nokho njalo ngangisenkingeni ngenxa yomlomo wami.

Abantu abaningi abakhulumayo bashade nabalingani abathulile. Lokhu kukhombisa ubukhulu bomlomo wakho, futhi noSathane uzohlala njalo ekukhumbuza ngawo. Lokhu kubizwa *ngokuzisola.*

UNkulunkulu ufuna ukuba ukhululeke ungazisoli, kodwa kuthatha ukukholwa nokuzethemba ukuze ukhululeke. Ngabe uyakwazi ukuthi akunandaba ukuthi uzizwa unecala kangakanani, ngeke kwakhokhela okwenze kabi? Kunzima ukukholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda lapho wenze okubi.

Ngaso sonke isikhathi uSathane uyakushaya futhi akushaye ngomcabango wokuthi wena umubi kangakanani. “Usukwenzile manje,” usho kanjalo. “Ucabanga ukuthi wena ungubani? UNkulunkulu akasoze wakubusisa wena, lento endala engcolile. Awusoze waba ngufakazi kothile manje. Manje awusoze wenza okuhle.”

Lapha kulapho kuthatha ukuzethemba ukuba kuvuke kumuntu wakho wangaphakathi athi, “Baba ngenze iphutha, futhi ngiyakucela ngegazi likaJesu ukuba ungithethelele. Ngiqinisile enhliziyweni yami, ngifuna intethelelo yakho. Sathane, suka kimi! UJesu wakhokhela izono zami, futhi akusiyo indaba yakho.” Bese uqhubeka ngenjabulo, yiba nentokozo. Kodwa kaningi uyacabanga, “Ngisaqhubeka ukwenza ubuwula njalonjalo.” Nami ngangicabanga kanjalo, ngaze ngayeka ukuzisola ngalokho. *Uma uyeka ukuzisola ngokwenzile, uzoyeka ukukwenza.*

Icala nokuzisola kukwenza ucindezeleke kuze kufike lapho ungasoze wakhululeka. Kuthatha umuntu oqinile ukuba angazisoli. Udinga ukuzethemba futhi usebenze ngokukholwa, usukume uthi, “Cha, angikwemukeli cala!” USathane uzokutshela athi, “Usho ukuthi awunakuzizwa unecala ngalokho? Kufanele ukuzizwa unecala amahora ambalwa. Kwakuyinto embi kakhulu oyenzile.” Konke ongakusho ukuthi, “Cha, anginokuchitha isikhathi sami. Angisoze ngazisola.” Ngesikhathi sokuqala kunzima, kodwa kuthatha amathuba amathathu noma amane bese uyaphumelela.

KuIsaya 53, indima 5,6 kanye no 11 iBhayibheli lisitshela ukuthi uma uJesu athatha isono sethu wathwala necala (okufaka phakathi nokuzisola). USathane akafuni ukuba ukhululeke ekuzisoleni. Kungani? Ngoba uma unokusolwa, awusoze wathamela uthando lukaNkulunkulu. Ukuzisola kukuhlukanisa noNkulunkulu bese kwehla phakathi kwakho noNkulunkulu njengodonga lwensimbi. Awusoze wabona uNkulunkulu uBaba uma unecala. Ubona kuphela icala kanye nesono sakho phambi kwakho.

Hamba ukhululekile ekusolweni bese ukholwa ukuthi lapho uNkulunkulu ethi umusa wakhe wanele ukuqeda ngisho nesono sakho, uqinisile. Uyakuthanda, futhi umusa wakhe kanye nokuthethelela kwakhe kuyizipho zamahhala. Zemukele namuhla!

UNkulunkulu uya*ku*thanda!

3

Uthando lungubudlelwane

“Thina siyalwazi, sikholwa yilo loluthando uNkulunkulu analo kithina. UNkulunkulu uluthando, nohlala othandweni uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala kuye.”

1 KaJohane 4:16

Ungaba ngozwile futhi ngoqhaphela kancono ngothando lukaNkulunkulu? Akunandaba ukuthi ukuthanda kangakanani, uma ungakezwa futhi ungakaqhapheli, ngeke kwaba kuhle kuwe. Uyazi ukuthi uzizwa kunjani uma othile ekhombisa uthando kuwe? Uzwa imfudumalo futhi unentokozo kangangokuthi ungakwenza noma yini, ngoba uyazi ukuthi ukhona okuthandayo. UNkulunkulu uyakuthanda, futhi ufuna ukukukhombisa loluthando. Ufuna uchithe isikhathi naye nsukuzonke.

Ngabe wena unabo ubudlelwane noNkulunkulu? Ukuthi wena wasindiswa kudala akusho ukuthi uthokozela ubudlelwane noNkulunkulu. Uma ngivula amehlo ekuseni, okokuqala engicabanga ngakho uNkulunkulu, futhi uyinto yokugcina ngaphambi kokuba ngiyolala ebusuku. Futhi ngicabanga ngoNkulunkulu nasemini yonke. Akukho okunye engikudingayo kuwo wonke umhlaba kunokukhonza uNkulunkulu wami futhi ngimthokozise. Futhi lokhu kuyintokozo kunakho konke okufanele ukushiye ukuze ukuthole.

Kunesikhala sikaNkulunkulu ngaphakathi kwethu okunguNkulunkulu yedwa ongasigcwalisa. Akukho okunye okungagcwalisa lesi sikhala. Ungasho kuwe ukuthi, “Ngiyazi

ukuthi sengimamukele uJesu.” Kodwa umamukela ngomzuzu nomzuzu, nsukuzonke, kuso sonke isimo? Ngabe ulwemukele uthando lukaNkulunkulu?

UNkulunkulu uyakuthanda, futhi ungokhethiweyo kuye. Wasidala ukuba sibe nobudlelwane naye. Lokhu kuyisifiso sakhe esikhulu nentando yakhe ephelele empilweni yakho. Usekela esihlalweni sobukhosi njalo ekuseni athi, Kusile, ngiyakuthanda.”

Umgane wami waba nombono ngesikhathi ekhuleka. Wabona uBaba engena kumakhaya abantu baseMelika lapho bevuka ekuseni. Ungena kubo bonke alungele ukuhlanganyela futhi nokukhuluma nabo. Wathatha isihlalo wahlala eceleni kwetafula. Abantu bavuka, beza baphinda bahamba; beza bahamba futhi. Bahlala batshela uNkulunkulu ukuthi, “Esikhathini esizayo. Hlala kancane, Nkulunkulu. Uma sengiqedile ukwenza lokhu, ngizokhuluma nawe. Ngizohlanganyela nawe esikhathini esizayo, Nkulunkulu. Kamuva, Nkulunkulu. Kamuva Nkulunkulu.”

Ilanga lashona, intombazane eyabona lokhu yathi yaphela inhliziyo, ngoba yabona uNkulunkulu, nokucipha emahlombe, washiya ikhaya. Akakho noyedwa oweza wazokhuluma naye ngalolosuku.”

Ungabambeki. Uma ungenasikhathi sokukhuleka, uchithe isikhathi noNkulunkulu, kusho kuthi ubambekile. Yiba nesikhathi sokutshela uNkulunkulu ukuthi umthanda kangakanani. Uma konke kudlulile, akukho okunye kodwa uNkulunkulu. Yilokho nje. Kanti uma ungenabo ubudlelwane naye, lidlulile ithuba lokuqala. Lokho akusho ukuthi awusoze waya ezulwini, kodwa ulahlekelwa intokozo yokuphila impilo yokunqoba.

Ngicabanga ukuthi uzibekle unyaka, *uvumele uNkulunkulu ukuba akuthande.* Yeka ukuzizamela ngamandla akho ekukholweni ukuba yindoda noma umfazi ekukholweni nangamandla. Zehlise wenze njengengane. Khasela emathangeni kaBaba wakho,

uvumele uNkulunkulu akuthande. Awusoze wamthanda ukuze umvumele ukuba akuthande.

1 KaJohane 4:16 uthi, “Thina siyalwazi, sikholwa yilo loluthando uNkulunkulu analo kithina.”

Ngabe uvuke ekuseni wachitha isikhathi ucabanga ngokuthi uNkulunkulu ukuthanda kangakanani? Uma uvuka ekuseni, awufisi ukwenza lutho. Kodwa udinga ukusebenzisa umlomo wakho ukunyakazisa umzimba wakho, futhi ukuvumela umoya wakho ukuba uphakame wenze zonke izinto ezinhle.

Uma uvuka ekuseni, udinga ukuqala ngokuthi, “Wo, Baba, ngiyakubonga ngoba ungithanda kangaka. Ngiyakubonga ngoba wathumela uJesu ukuba angifele. Wo, Baba, ngiyakubonga ngoba nginoMoya oyiNgcwele. Ngiyakubonga ngokuthi amandla okuvuka ekufeni ahlala phakathi kwami. Wo, Nkosi, ngiyakubonga ngokuthi noma yikuphi lapho ngiya khona namuhla, ngiyisibusiso. *Nkulunkulu, uyangithanda* ***mina****. Uyangithanda mina,* lapha endlini yami encane. Uyangithanda ***mina!*** Ngingumntwana wakho okhethiweyo. Ngingothandiweyo wakho! Uyangithanda!”

Udinga ukukhuluma wedwa bese uqhaphela futhi uzwisise ukuthi uzungeziwe uthando lukaNkulunkulu. IBhayibheli lithi uNkulunkulu ukubhalile ezandleni zakhe. (U-Isaya 49:16). Ngiyambona phezulu athi, “ Bheka, lokhu? Wo, ngabe akamuhle na? Ngiyamthanda kakhulu. Bheka abantwana bami lapha ezandleni zami.” Ukubhalile ezandleni zakhe njengesikhumbuzo sokuthi uyakuthanda futhi ulangazelela ukuhlanganyela nawe.

Khumbula ukuba ngobongayo phambi kukaNkulunkulu bese wakha ubudlelwane ngokuhlanganyela naye. Ngesinye isikhathi udinga ukuwa phansi ngobuso emkhulekweni, ubonge uNkulunkulu ngokuthi usindisiwe. Zinike isikhathi sokuthanda uNkulunkulu. Funda ku 1 kaJohane 4:16,17 lapho ethi:

“… UNkulunkulu uluthando, nohlala othandweni uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala kuye.

Ngalokho uthando luphelelisiwe kithi, ukuze sibe nesibindi ngosuku lokwahlulelwa …”

Ukwazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda kukunika umdlandla kuye futhi wethembele ekwethembekeni kwakhe.

Zonke izibusiso zizofika ngokuvumela uNkulunkulu ukukuthanda: ukukholwa okukhulu, ukunqoba esonweni, ukuphulukiswa, impumelelo nentokozo. Kufika ngokuvumela uNkulunkulu ukuba akuthande. Izikhathi eziningi siguqula lokho bese sicabanga, “Yebo, ngifanele ukuthanda uNkulunkulu.” Ngiyakholwa ukuthi okokuqala ufanele ukuvumela uNkulunkulu ukukuthanda. Angikholwa ukuthi wena ungakhombisa uthando lwakho kuNkulunkulu ukuze uvumele uNkulunkulu ukuthi akuthande.

Ngingakutshela ukuthi ukuze uhlanganyele noNkulunkulu futhi ukwenze lokhu ngokweqiniso udinga ukuhlanganyela noNkulunkulu, kodwa ukwenza kanjani lokho? Lapho uNkulunkulu engitshela ngokuhlanganyela naye, ngehla esofeni wami ngahlala phansi ngathi, “Manje, uthi ngenzeni Nkulunkulu? Lokho kuliqiniso! Ngangingakwazi ukuhlanganyela noNkulunkulu ngoba, ngaleso sikhathi ngangingazi ukuthi uNkulunkulu ungithanda kangakanani.

Ungakhombisa kanjani imizwa yakho kubantu, impela ukubathanda, uma ungenasiqiniseko sokuthi bayakuthanda? Uzoba nokwesaba ukuzenza isiwula. Ukhululekile ngalabo obaziyo ukuthi bazokuthanda futhi bakwamukele. Ngingasho futhi ukuthi ngenze izinto nomyeni wami engingeke ngazenza nomunye, ngoba ngiyazi ukuthi uyangithanda. Kunjalo nangoNkulunkulu.

Ngakho sukuma uqale. Nika uNkulunkulu ithuba, uzokufundisa ukuthi ungahlanganyela kanjani naye. Zibuze umbuzo manje:

Ngabe ngikhululekile kuNkulunkulu na?

UNkulunkulu uyakuthanda *wena!*

4

Uthando, ithemba nokholo

“Ngokuba kuKristu Jesu akusizi lutho ukusoka nokungasoki, kepha kuphela ukukholwa okusebenza ngothando.”

KwabaseGalathiya 5:6

Abantu abaningi bachitha isikhathi esiningi bezama ukuba nokukholwa. Siyazi ukuthi ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukuba uthokozise uNkulunkulu. (KumaHeberu 11:6). Ngakho sisebenza kazima ukuba sibe nokukholwa. Kodwa ukukholwa kwenhliziyo, futhi ukuthola kuphela ngobudlelwane bothando bokuhlanganyela noNkulunkulu. Angisoze ngakufundisa ngokukholwa, kodwa ngingakufundisa ngemigomo yokukholwa, futhi ngikwenze ukulambele kangaka uzowenza noma yini ukuze ukuthole. Ukukholwa kuza kuphela ngesambulo esivela kuNkulunkulu.

Yeka ukuzama ngamandla ukuthola ukukholwa nokuthokozisa uNkulunkulu, bese uchitha sonke leso sikhathi ekuthandeni uNkulunkulu. Mthande njalo usuku lonke futhi umvumele ukuba akuthande.

“… ngokuba sihamba ngokukholwa, asihambi ngokubona;”

2 KwabaseKorinte 5:7.

Ngisafunda lomBhalo, uNkulunkulu waqala ukukhuluma ngezinto ezinamandla enhliziyweni yami. Ngizama ukuhamba ngokukholwa. Kukho konke empilweni yami, ngifuna ukuhamba

ngokukholwa. IBhayibheli ku 2 KwabaseKorinte 5:7 lithi, “ngokuba sihamba ngokukholwa, asihambi ngokubona;”

Ngamanye amazwi, *ngizohamba ngokukholwa kuphela ngalokho engikholelwa kukho ngobudlelwano bame noNkulunkulu.* Ngabe uyakuqonda lokho? Umuntu okholelwa ukuthi akalungileyo angalibala ukuhamba ngokukholwa. Umuntu okholwa ukuthi ungumswenya enhlabathini futhi uNkulunkulu akamthandi naye futhi angalibala ukuhamba ngokukholwa. Abantu abaningi bazama ukuhamba ngokukholwa, kodwa abanazo lezi zinto ezilandelayo ezinhliziyweni zabo.

KwabaseGalathiya 5:6 kuthiwa, ukukholwa kusebenza ngothando. UNkulunkulu wabeka lokhu enhliziyweni yami: “Bonke bacabanga ukuthi lomBhalo usho ukuthi uma bengathandi abanye abantu, ukukholwa kwabo ngeke kwasebenza. Lokhu akusho kanjalo. Kodwa kusho ukuthi uma bengazi ukuthi mina uNkulunkulu ngibathanda kangakanani, ukukholwa kwabo ngeke kwasebenza.” Ukukholwa ngeke kwasebenza ngaphandle kothando. Kodwa akusilo ikhono lakho ukuthanda abanye abantu, kodwa kungukuvumela uNkulunkulu onamandla onke ukuthi akuthande.

Kunomehluko omkhulu kulokho. Ukwethemba kuNkulunkulu nokuhamba ngokukholwa kuwukuncika kuye kanye nokwethembela kuye kukho konke. Ngeke wenza lokho nomuntu ongamazi ukuthi uyakuthanda yini. Kungenzeka ulibale. Awusoze wethemba kuNkulunkulu uma ungazi ukuthi uyakuthanda.

Uma wazi ngokweqiniso ukuthi uNkulunkulu ukuthanda kangakanani, ngeke waba nenkinga yokwamukela ukuphulukiswa. Ngeke waba nenkinga yokwamukela izidingo zakho zezimali.

Isizathu salokhu ukungemukeli ukuthi awukholwa ngokweqiniso unguNkulunkulu ohlinzekayo. Ungasho uthi, ngifuna ukukukholwa lokho, kodwa ngingakukholwa kanjani lokho?”

Unothando lukaNkulunkulu ngaphakathi kwakho, okudingayo nje ukuqala ukubona lapho ekukhombisa. IBhayibheli lithi, “Thina siyathanda, ngokuba yena wasithanda kuqala.” (1 KaJohane 4:19). Ngeke wamthanda uNkulunkulu uma ungenasiqiniseko sokuthi wakuthanda kuqala.

Konke kuphakathi enhliziyweni yakho. Kukhona ngaphakathi! *UNkulunkulu uyakuthanda wena! Uyisimanga! Umuhle! Uyigugu! Umkhulu kakhulu! UNkulunkulu uyakuthanda wena!* Akekho emhlabeni ongakuthanda njengoba uNkulunkulu ekuthanda.

Awudingi omunye ngaphandle kukaNkulunkulu, kodwa uzokunika abanye abantu empilweni yakho. Iqiniso ukuthi uma kwakungenamuntu kodwa wena noNkulunkulu kuphela, wawuzophila ngentokozo. UNkulunkulu uyakuba ngumngane wakho. Uyakuba ngumngane wakho uma ungenaye. Uyakuba umama noma ubaba wakho uma ungenaye.

UNkulunkulu uyakuthanda kangaka! Yingakho ungakholelwa kuye kukho konke. Ukuthanda kangaka, wazi ukuthi uyakufisela izidingo zakho. Futhi kuze wazi ukuthi uNkulunkulu ufuna ube nakho uzoswela ukukholwa ukwamukela utho kuye.

Ukukholwa usebenza ngokuvumela uNkulunkulu ukuthi akuthande. Akusebenzi ngekhono lakho lokuphuma uyothanda omunye. Vumela uNkulunkulu ukuthi akuthande futhi usuku lonke utshele uNkulunkulu ukuthi, “Wo, Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi uyangithanda. Halleluya! Baba, ngiyakudumisa. Ngibabaza igama lakho.”

U-Smith Wigglesworth kwakungumpostoli omkhulu kaNkulunkulu. Omunye wambuza noma waba nezikhathi ezinde zomkhuleko, wathi, “Ngokweqiniso, akuvamile ukuthi ngikhuleke ngaphezu kwemizuzu engama-30, kodwa akuvamile futhi ukuthi ngihlala imizuzu engama-30 ngingakhuleki.” Washo nokuthi uma kwenzeka kudlule imizuzu engaphezu kweyishumi nesihlanu ngaphandle

kokukhuluma noNkulunkulu, kufanele aphenduke.

Sizama ukuthola izinto kuhlangothi lokubi. Ngeke waphumelela ngemizamo yakho. UNkulunkulu uzokubusisa ngoba ekuthanda. Uzokunika ngendlela efanayo nakunike ngayo insindiso yakho.

Ngeke wathola ilungu lomndeni, noma omunye, osindiswe ngokuzizamela. Vumela uNkulunkulu ukuba akuthande. Ngakho ngesikhathi ubona ilungu lomndeni, uzoba ulungele ukumthanda. IBhayibheli likutshela ukuthi uma ubathanda futhi uyeka ukuzama ukubazuza ngamazwi akho nangezindlela ozindla ngazo, uzobasondeza kuJesu. UMoya kaNkulunkulu uzosondeza umndeni wakho ngothando lwakhe. Kodwa ngeke wathanda abanye uma ungavumeli uNkulunkulu ukuthi akuthande wena kuqala.

Kwabase-Efesu 2:8 uthi, “Ngokuba ngomusa nisindisiwe …” Ngabe ubonile ukuthi awenzanga lutho ukuze usindiswe? Abaningi bethu babebolile kakhulu ngosuku uJesu asisindisa ngalo, futhi kwakungasiyo imisebenzi yethu emihle noma ikhono lethu lokwenza okuhle. Kwakungenxa yento eyodwa: … uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.” (KaJohane 3:16.)

Umusa ungachazwa njengentando kaNkulunkulu nokusebenzisa ikhono lakhe empilweni yakho ukuze ahlangabezane nazo zonke izidingo zakho. NjengoNkulunkulu, ngomusa, wakunika ukukholwa ukuze usindiswe, kunjalo ngenxa yothando lwakhe, uyakunika ukholo ukuze ukholwe ukuthi ungumphulukisi wakho. Ukunika ukholo ukuze ukholwe ukuthi ungumlondolozi wakho.

Uma ukukholwa akunika khona kwensindiso yakho kwanele ukukusindisa ezonweni zakho zonke, lokukukholwa kungaphakathi kwakho ukuze kuhlangabezane nezidingo zakho zonke impilo yakho yonke. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda,

futhi ngokweqiniso uqala ukwazi ngakho, ngakho-ke uzoqala ukwethembela kuye ngokweqiniso. Uzoqiniseka ngeqiniso leZwi likaNkulunkulu. Uzokwazi ukuthi akasoze aqamba amanga kuwe ngenxa yokukuthanda.

I-Amplified Bible ithi, “Ukukholwa kungukunqika ngakho konke oyikho kuye (uNkulunkulu) ngokwethemba konke emandleni akhe, ukuhlakanipha kwakhe nokulunga kwakhe.” (KwabaseKolose 1:4). Uma uvumela uNkulunkulu ukuthi akuthande, uzofunda ukumthanda nokumethemba, futhi uzoba nokukholwa.

UNkulunkulu uyakuthanda *wena*!

5

Ukukhululwa ekwesabeni

“Akukho ukwesaba othandweni, kepha uthando olupheleleyo luyakuxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunesijeziso, nowesabayo akaphelele othandweni.”

1 KaJohane 4:18

Ngasosonke isikhathi kusihambela kahle ekukholweni, sinesibindi sokuthi uNkulunkulu uyasithanda, simethembe. Bese singakalindeli kuba khona okusihlaselayo.

Isela elikhulu lokukholwa – yilezo zinto ezimbi ezenzeka kithi. Awunankinga enkulu kangako ekukholelwa ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda kanti lesosimo senze kwangathi akusinjalo.

Ngakho uSathane uza nokwesaba kanye nokuzisola ukuze akuhlukanise nento engakukhulula – nokuwuthando lukaNkulunkulu. Uthi, “Yebo, kodwa lokhu? Ngangicabanga ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda. Kodwa kungani kwenzeke izinto ezimbi empilweni yakho? Kufanele ukuthi wenze okubi kakhulu. UNkulunkulu ukuthukuthelele.”

Bese ulahlekelwa isibindi sakho phambi kukaNkulunkulu, futhi akasoze akusiza uma ungenasibindi. Ngeke waba nesibindi, noma ube nokukholwa, uma ungazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda. Uma wamukela umthwalo kaSathane wokwesaba kanye nokuzisola, awazi ukuthi uNkulunkulu ukuthanda kangakanani.

1 KaJohane 4:18 usho into eyisimanga nenamandla "…uthando olupheleleyo luyakuxosha ukwesaba." Ngazindla ngaphinda ngazindla ngalomBhalo, ngazama ukuthola lona. Ngolunye usuku uNkulunkulu wawubeka emoyeni wami. Uthando oluphelele luxosha ukwesaba, futhi uNkulunkulu uwuthando olupheleleyo. Uma wazi ukuthi luphelele kangakanani lolo thando kuwe, akukho emvelweni yonke ongakwesaba. Akwenzeki ube nokwesaba uma unesambulo ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda.

Akwenzeki wesabe ukwahluleka uma wazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda. Awusoze wahluleka uma wethembele kuNkulunkulu. Indlela eyodwa ongahluleka ngayo uma uzithembile wena. Uma wazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda, ngeke wasaba ukwaliwa.

Uthando lukaNkulunkulu lubanzi ngendlela yokuthi lwenza konke. Ngabe uyacabanga ukuthi loNkulunkulu okusindisile futhi owakukhulula uzokulahla? USathane ungumlahli. UNkulunkulu uzokukhombisa isono esisempilweni yakho, futhi akukhombise nendlela yokuphuma. USathane uzokulahla akutshela ukuthi ayikho indlela yokuphuma.

EBhayibhelini lombhalo ufundeka ngalendlela:

"Akukho ukwesaba othandweni, kepha uthando olupheleleyo luyaxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunesijeziso, nowesabayo akaphelele othandweni."

1 KaJohane 4:18

Abantu abaningi bacabanga ukuthi imiBhalo isho ukuthi uma ungangithanda kakhulu, ngeke waba nokungesaba, noma uma ungathanda othize ngokwanele, ukwesaba kuzosuka empilweni yakho. Kodwa ayisho kanjalo.

Isho ukuthi uma uvumela uNkulunkulu ukuthi akuthande, ngeke waba nokwesaba. Kufanele uvumele uNkulunkulu ukuba

akuthande uma ungafuni ukuba nokwesaba empilweni yakho. *Mukela uthando lukaNkulunkulu manje ngesenzo sokukholwa.* Qhubeka! Hamba ngokukholwa uthathe konke ngokothando lukaNkulunkulu.

Emva kokuba uNkulunkulu enginike lesi sambulo ngothando lwakhe wakuxosha ukwesaba, kwakufanele ngenze lokhu. Sasinenkinga yemoto, sasicabanga ukuthi ingxenye edlulisela amandla emotweni yethu ifile futhi yayinkulu! Yayingabiza amadola cishe angamakhulu amane noma ayisihlanu uma ngabe yayifile, futhi sasingenamali. Ngakho-ke saqhubeka ngokuyisebenzisa.

UNkulunkulu wakhuluma nami ngalolo suku wathi, “Joyce, qhubeka usuku lonke ungithande, futhi ungivumele ukuba ngikuthande. Awudingi ukwenza okunye. Awudingi ukuba ngowesifazane onokukholwa okukhulu. Okufanele ukwenze nje ukuqhubeka nokungithanda futhi ungivumele ukuba ngikuthande. Ngivumele ukuba ngikuthande.”

Ngakho ngaqhubeka ngokuthuthukisa ukukholwa kwami okungcwele futhi ngangicula, ngiculela uNkulunkulu. Ngaba nesikhathi esimnandi. Ngase ngizwa indoda yami ibuyela egaraji. Kodwa wayye emsebenzini imizuzu engama-45! Wavula umnyango wathi, “Angikwazi ukuyisusa egiyeni lokuqala. Kufanele siyihambise iyolungiswa.”

Ngavala umnyango ngaqala ukuhleka. Kwakungasiyo into engangihlele ukuyenza. Kwakuphuma emoyeni wami, futhi uNkulunkulu wangikhombisa ukuthi kungukuthi ngimvumele ukuba angithande ekuseni, yingakho ngahleka. Ukuvumela uNkulunkulu akuba akuthande kuvula umnyango wokuba kuphume ukukholwa kuwe. Ngaqala ngahleka, futhi lokhu kwakukhombisa ukukholwa.

NoAbrahama wahleka uhleko lokukholwa. Lapho uNkulunkulu eza kuye wamtshela ukuthi uzothola indodana, u-Abrahama wahleka, wathi, “Udumo kuwe! Ngiyakholwa.” Kodwa uSara wahleka uhleko

lokungabaza nokungakholwa, uNkulunkulu wamlungisa, kodwa akamelananga no-Abrahama. Akamtshelanga u-Abrahama ukuthi waphosisa ngokuhleka ngoba kunokuhleka kokukholwa.

Uma uSathane emelana nawe futhi ezama ukukwenza ubuwula, kodwa wazi uNkulunkulu wakho kahle ukuthi awunakwesaba, uhleka ngokukholwa. Uyazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda, futhi uzokulungisa lokho.

Njengoba ngangihleka ngokufa kwemoto yami, uNkulunkulu wakhuluma okuthile enhliziyweni yami ngezwi elithulile futhi elincane, kodwa lalinamandla kakhulu. Wakhuluma kimi kathathu, “Uma wenza ngale ndlela kimi, Joyce, angisoze ngakudumaza.” Kwakungathi lokhu kufike esimweni sendlu yami. “Angisoze ngakudumaza. Angisoze ngakudumaza.”

Uma uncika kuNkulunkulu, umvumele ukuba akuthande nawe umthande, ungalibala imizamo yakho yokwenza ngokukholwa. Vumela uNkulunkulu ukuba akuthande, nawe umthande, ukuze akulethaele impumelelo. Uthando lukaNkulunkulu luzovuka phakathi kwakho futhi uzoxosha ukwesaba.

UNkulunkulu uyakuthanda *wena!*

6

Uthando lufinyelela kwabanye

“Yebo, lomyalo sinawo, uvela kuNkulunkulu, wokuthi othanda uNkulunkulu makathande nomzalwane wakhe.”

1 KaJohane 4:21

Ungumntwana kaNkulunkulu okhethiweyo. Ukutshela lokho kuDuteronomi 7:6. Uma uzoqala ukwenza ngaleyo ndlela, kuzoqala ukushintsha umhlaba. Uzongena esitolo sokuthengisa ukudla umamaotheka, bese uthatha inqola ofaka kuyo ukudla ozokuthenga bese uthi, “Konke engikuthintayo kubusisiwe. Haleluya! Babusisiwe ngokuba khona kwami kulesi sitolo. Makabongwe!” Hamba esitolo uviyoza, ucula iculo, ube ngokhethiweyo lapho uhamba khona.

Lapho siqala ukwazi ukuthi singokhethiweyo bese siqala ukwenza sengathi uNkulunkulu uyasithanda, singazuza umhlaba ngoJesu. Uthando luzokwanda njengomlilo wobhememe. Kodwa angeke kusize lutho uma uhamba ukhuluma uthi ungumKristu, ubhavumula kubantu bonke. Uthi, “NgingumKristu – ngingumKristu,” kodwa uma imoto idlula phambi kwakho, uthi, “Shesha, siwula, deda endleleni yami. Awazi ukuthi ngiya enkonzweni? Ngiyophuza ukufika emhlanganweni, usangene yini.”

Yilokhu esivame ukukwenza. Ngabe usukulungele ukuba nokunqoba na? Emoyeni wakho wamukela ukunqoba bese uthi, “Sathane, ungihole ngamanga nokwesaba isikhathi eside. Ngingumuntu okhethiweyo, futhi ngizoba nokunqoba ngegama likaJesu ngoba uNkulunkulu uyangithanda. Sathane, akukho ongakwenza!”

Uthando lukaNkulunkulu phakathi kwakho luzokukhulula ekwesabeni, futhi ngeke waba nokwesaba ukuphuma uye kwabanye ngothando. UNkulunkulu ufuna ube nokukholwa lapho ethi uzokwenza imisebenzi emikhulu ngawe ngoba uJesu waya kuYise. Ngabe uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusebenzisa? UNkulunkulu uzokunika lokho okholelwa kukho kuye. Awusoze waba nokwesaba ukuphuma.

Angisoze ngaqala ukukutshela ukuthi kukangaki ngima ekugcineni kweliwa lokukholwa, ekugcineni kokwenza into esabekayo, uNkulunkulu wathi, “Qhubeka, Joyce, qhubeka. Ngizokwenza izinto ezinkulu ngawe. Qhubeka.” Ngase ngigquma phakathi kwalo, uNkulunkulu akangiyekanga.

Uyazi ukuthi kungani kungadingekile ukuba ngikhathazeke ngokuphuma kwami bese ngiba yisehluleki? Kungenxa yokuthi uNkulunkulu uyangithanda. Uyangithanda futhi uyazi ukuthi ngiyamthanda, futhi ngomusa wakhe ngazinikela kuye ngempilo yami yonke. Uma usukwenzile lokho, futhi umthanda uNkulunkulu futhi naye ekuthanda, akukho endalweni okungaba yinkinga okungasoze kwanqotshwa.

“Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Noma ukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhamba-ze, noma ingozi, noma inkemba, na?

Kulotshiwe ukuthi: “Ngenxa yakho sibulawa usuku lonke, sithiwa izimvu zokuhlatshwa.”

Kepha kukho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo.

Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu iNkosi yethu.”

Awazi nakwazi ukuthi uNkulunkulu ufuna kangakanani ukuba ukhululeke. UNkulunkulu uyalimala uma ungenayo intokozo. Ngesinye isikhathi uvuka isimo senhliziyo singesihle usuku lonke. Ngabe uyalazi lolusuku engikhuluma ngalo na? Ukhahlela inja, uthethisa abantwana, uthukuthelisa omakhelwane, unamaqumbe amadala, kanye nokubukeka usola ebusweni bakho. “Konke engikwenzayo nje ukusebenza, ngiphinde ngisebenze futhi kodwa kungabikho obongayo.”

Ngiyazi ukuthi uziphatha kanjani ngoba nami ngangikwenza lokho. Lapho abantwana beza ekhaya, ucabanga ukuthi, *Kungani ningahlali esikoleni amahora ayishumi nanye kunayisikhombisa?”*

Ngabe uyazi ukuthi lokho kulimaza uNkulunkulu? Angizami ukuba ngikwenze uzizwe ungomubi. Ngizama ukukwenza ukuba ubone ukuthi uma ungakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuthi uyakuthanda, uzoqala ukwenza okuthize ngalolothando, bese lolothando lukugcwalisa bese uqala ukuluthulula kubo bonke abantu. Uzoba nenkululeko yokuba ngothandekayo, uzogcwala ububele.

Uma ubamba ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda, ukuphiliswa kwakho kuzokwenzeka, izidingo zakho zifezeke. Ngobani? *Uzoqala ukuphumula.*

Isizathu esikhulu esokuthi uNkulunkulu akasoze wasinika izinto afuna ukusinika zona ngoba simatasatasa ukuba singazitholela zona. Ngakho-ke angeke wasibamba ukuze asinike zona. UNkulunkulu ufuna ukuthi uphumule kuye futhi umthande. Ufuna wena ukuba umvumele akuthande bese umukela.

USathane akasoze amisa ukugeleza kothando ngoba uma ungothandayo, uzoba ngophayo. Angeke wathanda futhi ungaphi.

Ingxenye yokugcina yomBhalo kuDuteronomi 7:6 ithi, “… uJehova

uNkulunkulu wakho ukukhethile ukuba ngumuntu okhethiweyo." UNkulunkulu ukubizile. Manje umsebenzi wakho obalulekile ungaba sekhaya ngomndeni wakho, kodwa uNkulunkulu ukubizile. Uma ngokweqiniso ufuna ukusetshenziswa nguNkulunkulu, ungasetshenziswa nguNkulunkulu. Kodwa udinga ukuba kwakhiwe isisekelo kuqala. *Kufanele wazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda.*

Ungachithi amandla akho okomoya ngawe nangokufeza izidingo zakho. Tshela uNkulunkulu ngokushesha ukuthi ufunani, bese uthuthukisa ukukholwa kwakho ukuze uhlangabezane nezidingo zabanye abantu. UJesu wayekhuleka afune ubuso bukaBaba wakhe ukuze akheke, aphume ahlangabezane nezidingo zabo bonke abantu ababesesifundweni sakhe sokukholwa.

Bese ushumayela iZwi kubo, ababeke izandla, bamukele izimangaliso. Wayengahlali ekhoneni sonke isikhathi azame ukukholwa uNkulunkulu ngezinto azifunayo. Udinga ukutshela uNkulunkulu okudingayo, kodwa kudinga ukungathathi onke amandla akho. Isifiso esibalulekile sempilo yakho sokukuhlangabeza izidingo zabanye abantu.

Impumelelo yeqiniso, yikhono lokusebenzisa ikhono likaNkulunkulu ukuze uhlangabezane nezidingo zonke eziphambi kwakho. Uthando lukaNkulunkulu luzokunika ikhono ukuze unake izidingo zabanye kuqala. Ngabe ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda kangaka ukuze akwenze uphume futhi uthande labo abangamukeleki ukuba bathandwe – abasolekayo, abangabongi?

Kulula ukuthanda umuntu okuthandayo. Alikho ihlaya kulokho. Noma ubani oyisoni angakwenza lokho. Kodwa uma uthanda ongathandeki, uhlale njalo ubathanda, futhi ubathande njalo, *futhi ubathande njalo, u*thando lukaNkulunkulu luzobashintsha.

Kungathatha unyaka. Kungathatha iminyaka eyisihlanu. Kungathatha iminyaka engamashumi amabili, kodwa kufanele.

UJesu wakulinda isikhathi esingakanani?

UNkulunkulu uyakuthanda, futhi uthanda bonke abantu abaseceleni kwakho. Abasindisiwe noma izoni, uyabathanda, futhi ufuna ukukusebenzisa njengomsele ozothulula uthando lwakhe.

Ungesabi ukuphuma. Uthando lukaNkulunkulu luyakukhulula ekwesabeni nokuzisola. Futhi ukunike ikhono lokuthanda. Nquma ukusabalalisa uthando lukaNkulunkulu. Qala ngokuba nobungane kubantu. Kwenze kube igunya lakho ukwenza ubungane, ube yisibusiso kubantu emzimbeni kaKristu.

Biza abantu ukuzodla idina emzini wakho noma beze ukuzokuvakashela. Baxhawule, futhi *umamatheke.* UNkulunkulu unokuthize ukuze ukwenze. Ufuna ukukusebenzisa ngendlela angeke asebenzise esinye isidalwa emhlabeni.

Kunabantu okunguwe kuphela ongafinyelela kubo. Akakho omunye ongafinyelela kubo. uW*ena kuphela.* Cela kuNkulunkulu ukuthi akukhombise izindlela zokufinyelela ngothando lwakhe, futhi uzokufundisa.

UNkulunkulu uyakuthanda *wena*!

7

Uthando lukaNkulunkulu luzokushintsha

“Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo yezono zethu.”

1 KaJohane 4:10

UNkulunkulu uyasithanda, kodwa angicabangi ukuthi abaningi bethu bayaluqonda uthando uNkulunkulu asithanda ngalo. UNkulunkulu ungikhombisile, esifundweni engangisifunda, ukuthi uma sazi ngokweqiniso emoyeni wethu ukuthi uNkulunkulu usithanda kangakanani sizosukuma sibe umehluko kulokhu esiyikho isikhathi esiningi.

Zindla ngothando lukaNkulunkulu olukuwe. Yilokhu okuzokushintsha. Uma ungathandi okuthile ngawe, *“ukwazi lokho okwaziyo”* ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda kuzokushintsha.

Uzizwa kanjani uma wazi ukuthi umuntu othile uyakuthanda? Uzizwa kahle? Ngabe uzizwa umubi na? UNkulunkulu ungitshele ukuthi abanye abantu abazofunda le ncwadi bayazizonda. Nawe uzonda izinto ozenzayo, futhi awukamukeli ukuthi uyisidalwa esisha – ulwa nemvelo endala.

Njengoba usazizwa kabi ngawe sonke isikhathi, awuzithandi, uyazizonda, awuqondi ukuthi ungokhethiweyo, ngeke wenza njengokhethiweyo. *I-Amplified Bible* lithi, “Njengalokhu acabange enhliziyweni yakhe, unjalo.” (Izaga 23:7). Kunjalo ngoba awuzange wabamba iphuzu lokuthi *uNkulunkulu uyakuthanda.* Kuyinto

ebalulekile ukwazi ukuthi uNkulunkulu ukuthanda kangakanani *wena*.

UNkulunkulu ufuna ukuba ube naye nsukuzonke. Yilokhu okukushintshayo. Uma kungabi uNkulunkulu kuqala, umbeka endaweni lapho engeke wakwenzela lokho afuna ukuba ukwenze. Kuyisikhathi sokuthula osichitha noNkulunkulu, ngokumthanda kuphela kanye nokumvumela ukuba akuthande, lokho kuzokwenza ukuba ukhule bese uba namandla emoyeni.

Abantu abaningi bayavilapha, futhi abasoze benza njalo. Bangathanda uma omunye ebenzela. *Ungabi nokuzixolela.* Yilowo nalowo ofunda lokhu, ongahlanganyeli noNkulunkulu bese ezizwa enecala ngenxa yalokho engikubalile, uSathane uyoza emuva kokuzisola bese ethi, “Kodwa zikhona lezi ezinye izinto ofanele ukuzenza.”

Ngiyazi ukuthi kuhamba kanjani – uSathane ukunika ukuzixolela njalo. Zimisele ngoNkulunkulu, bese ukhala kuye. *IZwi likaNkulunkulu nokuhlanganyela kanye naye kuzokushintsha.* UNkulunkulu ukwenza uphumelele. UPawulu uthi KwabaseFilipi 4:13, “Nginamandla ukwenza konke ngaye ongiqinisayo.” Ngamanye amazwi, akukho kuyo yonke indalo ongeke wakwenza ngamandla kaJesu Kristu.

Ngokushesha lapho uNkulunkulu ekukhombisa inkinga, ufanele usukume ngamandla nangokunqoba. Uma ungasukuma, umukela uthando lukaNkulunkulu bese wenqaba ukuvumela uSathane onamanga ukuthi akutshele ukuthi ubole kangakanani futhi akukho okuhle kuwe, uzoqala ukwenza ngokunqoba.

Namanje ungaziphatha kabi, kodwa ungenza ngokuhlukile uma ukholwa ukuthi uyisidalwa esisha ngaphakathi. Awusoze washintsha noma wenze ngokuhlukile uze uqale ukusukuma bese uthi, “Makadunyiswe uNkulunkulu, ngingokhethiweyo. Ngingcwele. UNkulunkulu wangikhetha. Wangihlanza ngegazi

leWundlu. Ngizokwenza ngaleyondlela. Futhi anginandaba, Sathane, ukuthi ngenze amaphutha amangaki. UNkulunkulu mkhulu kakhulu ukungiphakamisa futhi ungenza ukuba ngiqhubeke. *Uhlanza ububi bami!"*

Yiziphi izinkinga ezingakunqoba uma "wazi okwaziyo" ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda? Uzoba nokunqoba kuzo zonke.

Ngabe uyafuna ukuba ngumnqobi na? Ngakho phendula lokhu – uyafuna ukuba nokuthile ongakunqoba? Yiyo kuphela indlela ongakhula ngayo. Uma ungabi nezinkinga futhi awunakho ongakunqoba, uzoqina kanjani ekukholweni kwakho?

Sebenzisa izinkinga zakho njengethuba lokukhula. Thola ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani ngoba ekuthanda! Uma uncika kuNkulunkulu, futhi uvumele uNkulunkulu ukuba akuthande nawe umthande, ungalibala konke ukuzama kwakho ukwenza ngokukholwa bese ungena ekuphumuleni.

Uma uvumela uNkulunkulu ukuba akuthande futhi nawe umthande, uzohamba njengomuntu odakiwe ngaso sonke isikhathi – odakwe emoyeni. Kulapho isimo esibi empilweni yakho singeke sikuhlasele ngoba uphila ngothando lukaNkulunkulu.

Lapho ngabhajadiswa ngoMoya oNgcwele, amasonto amathathu okuqala kwakungathi ngidakwe uthando lukaNkulunkulu. Abantu bahlala njalo bethi, "Kwenzekeni kuwe? Kunomehluko kuwe. Angikukholwa lokhu, Joyce. Kwenzekeni kuwe?" Labantu beza kimi emuva kwamasonto amathathu bathi, "Kwenzekeni empilweni yakho?"

Kwakungadingekile ukuba ngisho okuthile kubo ukubanelisa ukuthi ngishintshile. Babekubona lokho. Uma wenza ngothando lukaNkulunkulu, uzoba ngomamathekayo ngasosonke isikhathi. Uzoba muhle. Uzoba nomdlandla namandla. Uzofakaza kubantu ngoba uzoguqulwa nguMoya oNgcwele ngaso sonke isikhathi

ukuze zonke izidingo onazo zizofezeka.

Zitshele lokhu, "*UNkulunkulu uyangithanda mina. Haleluya, uNkulunkulu uyangithanda mina.* Ngingumntwana wakhe okhethiweyo. *UNkulunkulu uyangithanda mina!"* Manje qhubeka – gxuma ukugxuma okukhulu kokukholwa futhi ukholwe.

UNkulunkulu *uyakuthanda* ngeqiniso!

Ukuba nempilo entsha

Uma ungakaze wamema uJesu ukuba abe yiNkosi kanye noMsindisi wakho, ngiyakumema ukuba wenze njalo manje. Ungakhuleka lomkhuleko, futhi uma uneqiniso ngalokho, uzobona impilo entsha kuKristu.

> Baba Nkulunkulu, ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana yakho noMsindisi womhlaba. Ngiyakholwa ukuthi wangifela esiphambanweni, futhi wathwala izono zami. Waya esihogweni futhi wanqoba ukufa kanye nethuna. Ngiyakholwa ukuthi uJesu wavuka ekufeni, futhi manje uhlezi esandleni sakho sokunene. Ngiyakudinga, Jesu. Thethelela izono zami, ngisindise, woza uhlale phakathi kwami. Ngifuna ukuzalwa kabusha.

Manje kholwa ukuthi uJesu uhlala enhliziyweni yakho. Uthethelelwe, wenziwe olungileyo futhi uzoya ezulwini.

Zitholele ibandla elifundisa ngeZwi likaNkulunkulu bese uqala ukukhula kuKristu. Akukho okungashintsha empilweni yakho ngaphandle kolwazi leZwi likaNkulunkulu. KaJohane 8:31-32 uthi, “Uma nimi ezwini lami, ningabafundi bami isibili; niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula.”

Ngiyakuncenga ukuba ubambelele eZwini likaNkulunkulu, lihlwanyele ekujuleni kwenhliziyo yakho. Ngokusho kuka-2 KwabaseKorinte 3:18, njengoba ubheka iZwi, uzoguqulwa ube ngumfanekiso kaJesu Kristu.

Ngibhalele ungazise uma wamukele uJesu, ucele incwanjana yamahhala yokuthi ungaqala kanjani impilo entsha kuKristu.

Ngothando,
UJoyce

Umkhuleko wensindiso

UNkulunkulu uyakuthanda ufuna ukuba nobuhlobo kanye nawe. Uma ungamamukelile uJesu Krestu njengo Msindisi wakho, lokhu ungakwenza manje. Vulela uJesu inhliziyo yakho ube se usho lomkhuleko……

“Baba, ngiyazi ukuthi ngonile kuwena. Ngicela ungithethelele. Ngigeze ngibe mhlophe. Ngiyathembisa ukuthi ngizothembela kuJesu, iNdodana yakho. Ngiyakholwa ukuthi wafa endaweni yami-wathabathela emahlombeni akhe isono sami ngesikhathi efa esiphambanweni. Ngiyakholwa ukuthi wavuswa kwelabafileyo. Ngiyayinikela impilo yami kuJesu manje.

Ngiyabonga, Baba, ngesipho sakho soxolo nokuphila okuphakade. Ngicela ungisize ngiphilele wena. Egameni likaJesu, Amen”

Njengalokhu okukhulekile enhliziyweni yakho, uNkulunkulu usekwamukele, ukugezile wakukhulula kumaketanga okufa emoyeni. Thatha isikhathi ufunde lemiBhalo, umnxuse uNkulunkulu akhulume nawe usahamba kanye naye kuloluhambo olusha.

NgokukaJohane 3:16	1 KwabaseKorinte 15:3-4
Kwabase-Efesu 1:4	Kwabase-Efesu 2:8-9
1 KaJohane 1:9	1 KaJohane 4:14-15
1 KaJohane 5:1	1 KaJohane 5:12-13

Khuleka kuNkulunkulu akusize uthole isonto elikholwa iBhayibheli lapho uzosizwa ukuthi ukhule kubuhlobo bakho noKrestu. UNkulunkulu uhlala njalo enawe sikhathi sonke. UNkulunkulu uzokuhola nsuku zonke akubonise ukuthi ungakuphila njani lokhu kukuphila obuchichimayo akuphe kona.

Amazwi Ngombhali

UJoyce Meyer uqale ukufundisa ngeZwi likaNkulunkulu ngowe- 1976. Wasebenza ngokugcwele emsebenzini kaNkulunkulu kusukela ngowe-1980. Wabhala izincwadi ezingaphezu kwamashumi ayisithupha ezithengwe kakhulu. Phakathi kwazo kunalezi *In Pursuit of Peace, How to Hear from God, Knowing God Intimately, Battlefield of the Mind*. Amakhasethi ayizinkulungwane ezifundo zikaJoyce athokozelwa emhlabeni wonke, futhi unomtapo wolwazi omkhulu wamavidiyo.

Uhlelo lukaJoyce olubizwa nge-*Enjoying Everyday Life* lusakazwa emsakazweni nakumabonakude emhlabeni wonke. Uhamba kakhulu efundisa kuzinkomfa. UJoyce kanye nomyeni wakhe, uDave, banabantwana abane abadala. Umuzi wabo use St. Louis, eMissouri.

Zitholele isipho sikaNkulunkulu: Uthando olungazenzisi

Ungayithola yileyo naleyo ngxenye yamandla nothando lukaNkulunkulu – namuhla! Awusiwo omunye wesixuku. UNkulunkulu ukuthanda sengathi uwedwa emhlabeni. Inkinga ukuthi njengabantu abaningi awuluqondii ... noma uma ulwazi ngekhanda lakho ngeke waluzwa enhliziyweni yakho. Manje ungaluzwa. Umlayezo onamandla kule ncwadi uzokukhombisa: ukuthi

- Ungalubona kanjani uthando lukaNkulunkulu ngaphakathi kwakho
- Ungayeka kanjani ukukhathazeka noma ungolungileyo kaNkulunkulu
- Ungabona kanjani isambulo esimangalisayo sothando lukaNkulunkulu
- Ungamthola kanjani uNkulunkulu nangezikhathi zokuhlupheka.
- Uthando lukaNkulunkulu lungakushintsha kanjani

UJoyce Meyer wabelana ngokuqonda kwakhe nesambulo esaguqula impilo yakhe. Uletha imiBhalo namanye amazwi enhlakanipho angenza uthando lukaNkulunkulu lukhanyise impilo yakho!

JOYCE MEYER MINISTRIES®